

## Imigomo eyisisekelo Yokukhiqiza<sup>1</sup>

### Isingeniso

Le migomo yereferensi yesekelwe ku-SAOSO Standard for Organic Production and Processing. Isilinganiso se-SAOSO sibhalwe ngendlela yokuthi abakhiqizi abafisa ukulandela Isilinganiso bangasisebenzisa kungqikithi yokuqinisekiswa umuntu wesithathu, Participatory Guarantee Systems Izinhlalo Zokuqinisekisa Ukubamba Iqhaza (PGS), Ezolimo Ezisekelwa Umphakathi (CSA), noma ukuzibophelela nje.

Isilinganiso sichaza imininingwane ethile evunyelwe kanye nokungavunyelwe ukufakwa, kanye nokungavunyelwe kodwa okungenabo ubungozi, imininingwane ehlukehlukehene yezobuchwepheshe kanye nokungaphandle okubonakalayo. Imigomo engezansi ihambisana nalezi zilinganiso, **futhi akumele ibonakale njengebambela**, kodwa njengohlaka oluhambisanayo; ibhalwe ngolimi oluzoqondwa yibo bonke ababambiqhaza, ngomoya omuhle wokubamba iqhaza kanye nobuqotho – iyisisekelo sanoma yiluphi uhlelo oluqinisekisiwe lokubamba iqhaza.

### Incazelo yezolimo olungasebenzisi amakhemikhali

IPGS ichaza ukulima ngaphandle kwamakhemikhali ngokufanayo nendlela echazwa I-IFOAM Organics International, iphinde isebenze ngaphansi wemigomo yayo I-IFOAM:

*“Ezolimo ezingasebenzisi amakhemikhali ziwuhlelo lokukhiqiza olusekela impilo yomhlabathi, imvelo kanye nabantu. Ithembela enqubeni yezemvelo, izinhlobonhlobo zezinto eziphilayo kanye nomjikelezo kuhambisane nesimo sendawo, kunokusetshenziswa kwezinto ezifakwayo zibe nemiphumela emibi kakhulu. Ezolimo ezingasebenzisi amakhemikhali zihlanganisa isiko, ukuqamba kabusha kanye nesayensi ukuze kusizakale indawo ehlanganyelwe bese igququzela ubudlelwane obuhle kanye nezinga elihle lempilo labo bonke abathintekile.”*

### Imigomo ejwayelekile

#### 1. Ukuphathwa kobudlelwane kwezemvelo

Ipulazi elingasebenzisi amakhemikhali liyingxenye ngaphakathi kwendawo noma imvelo. Ukuphathwa nokugcinwa ngendlela efanele yalolu hlelo kuyiphuzu elibalulekile ekukhiqizeni okungasebenzisi amakhemikhali. Umkhuba wokuphatha kumele ubandakanye lokhu okulandelayo:

- Ukuphathwa komhlaba okusimeme<sup>2</sup>—ukugcina nokushisa umhlaba akuvumekelekile. Amakhaphozi kanye nezindawo ezibalulekile zokuzalanisa izinyoni nezilwane kumele kuvikelwe.
- Umhlaba ongathintiwe namahlathi kumele kuvikelwe.
- Uma imikhiqizo ivunwa endle, izindawo zokuvuna kumele ziqoshwe ngokucacile bese zibhalwa futhi nendlela yokuvuna kumele ihambisane nemigomo yendawo

<sup>1</sup> Yesekelwe emigomeni eyisisekelo yokukhiqiza ye-Bryanston Market PGS Basic Production Principles (Ntulikazi 2018) yabuyekeza i-PGSSA kanye namalungu ekomiti le-SAOSO kanye nochwepheshe bomkhakha (Ncwaba 2022)

<sup>2</sup> Okusimeme 1 kuchaza: ukuhlangabezana nezidingo zamanje ngaphandle kokuyethekisa ikhono lezizukulwane ezizayo lokuhlangabezana nezidingo zabo; ukugcina isilinganiso semvelo ngokugwema ukuncipha noma ukuqedwa kwezinsiza zemvelo. (IFOAM: Organics International 3.0)

ukuqinisekisa ukusimama njengoba kuchaziwe ku-SAOSO Isilinganiso Semvelo. Izindawo zokuvuna zasendle kumele ziphephe kunoma yini ewukungcola, noma ngabe amakhemikhali ezolimo noma ukungcola kwezimboni.

## 2. Ukuphathwa komhlabathi

Ezolimo ezingasebenzisi amakhemikhali ziqala ngomhlabathi. Kungumgomo oyisisekelo ukuthi ukuphila kwezitshalo kukhombisa impilo yomhlabathi. Ipulazi kumele libe nohlelo lwesikhathi eside lokuphathwa kokuvundisa umhlabathi. Lolu hlelo kumele libandakanye okulandelayo:

- a. Izindlela nemikhuba yokukhulisa impilo emhlabathini njengokufaka “umanyolo oluhlaza”, ukwemboza, umquba, izitshalo ezimbozayo, nokufaka umquba.

**Qaphela: umquba oluhlaza uvumeleke uma ufakwe ezinsukwini ezingama-60 ngaphambi kokuvuna isitshalo esingase sihlangani nomanyolo, ngokuhlanganiswa kwemiphumela yenhlabathi ephilayo, kanye namagciwane anosizo ekuhlakazeni okuholela ekumuncweni kwezikhuthazakhaba.**

- b. Okufakwa emhlabathini kumele kutholakale ngale ndlela (ingendlela ozikhethela ngayo):
  - i. Kwakhiwe/kukhiqizwe epulazini, kusetshenziswa izinto ezisendaweni.
  - ii. Kutholakale endaweni emapulazini angomakhelwane noma amaqembu. Umanyolo wezilwane kumele uvundiswe ngaphambi kokuthi usetshenziswe futhi kumele ufunwe emapulazini angaphansi kokuphathwa kokuphilayo noma ekulimeni okubanzi. Umanyolo oqhamuka ezimbonini awuvumelekile.
  - iii. Kuthengwe kubahlinzeki abagunyaziwe.

I-pH yomhlabathi namaminali: Kuyaqondakala ukuthi umhlabathi ngeke uhlale ulinganisiwe ukuze ukhiqize izitshalo ngokusezingeni eliphezulu ngemigomo echazwe ku- *a.* no *b* ngenhla. Ukungezelelwa kwamaminyereli kuyovunyelwa uma kuqashelwe okulandelayo:

- i. Kutholakale ngokwemvelo kuhambisana nemigomo yokulima ngokwemvelo.
- ii. Okungcono kusetshenziswe kulandelwa ukuhlaziywa kwenhlabathi i-SOM (Soil Organic Matter) kanye ne-CEC (Cation Exchange Capacity) futhi.

**Ukusetshenziswa kwezikhuthazi ezingamakhemikhali akuvumelekile impela.**

## 3. Ukulawulwa kokungcola nokungcolisa

Noma yiliphi ipulazi noma indawo yokukhiqiza ngokwemvelo ilengela engozini yokungcoliseka ngamakhemikhali noma ukungcoliswa yizimboni, ukufafaza ngokukhululeka okuphuma emapulazini amakhemikhali aseduze, ukugeleza okuqhamuka emigwaqeni, njll. Uma enye yalezi zingozi ibonakala epulazini noma ngasepulazini, kumele kube khona amasu okuvimbela lokhu kungcola. Amanye amasu okuvimbela amakhemikhali kungaba yilawa alandelayo:

- a. Izindawo, nezitshalo kanye nothango kungasetshenziswa njengemingcele epulazini ukuvimbela ukubhebhethaka kokungcola.
- b. Izinto ezifana namakhemikhali, u-oyela, kanye namakhemikhali okuhlaza kumele zigcinwe ngokuhlukana namathuluzi okusebenza engadini yakho.

- c. Ukuhlamba nokuhlambulula okufanele yonke imishini namathuluzi ukuvikela ukungcoliseka kwemikhiqizo.

#### 4. Ukuphathwa kwamanzi

Imigomo yokuphathwa kwezinsiza okusimeme nokuphepha kwamanzi kuyimihlahlandlela emibili esemqoka.

- a. Kumele kuqinisekiswa ukongiwa uma kusetshenziswa amanzi kanye nokuwasebenzisa kabusha uma kungenzeka.
- b. Amanzi kumele akulungele ukuchelela kanye nokuthi adliwe yizilwane. Uma kusetshenziswa ipitsi, kumele amanzi ahlolwe uma umlimi evakashelwe okokuqala kodwa kungenzeka ukuthi iqembu le PGS likucele ukuba uphinde uwahlole amanzi akho uma kukhona ushintsho ekuhlaleni.

#### 5. Ukukhiqizwa Kwezitshalo

- Ukutshala

Uhlelo oluhlekile lokutshala, kumele lubandakanye imigomo yokutshala ngokwemvelo ukuze kuvikeleke isitshalo kwizinambuzane bese kugqugquzela ukukhula kwezilwanyana ezincane ezibalulekile. Lolu hlelo kumele lubandakanye lokhu okulandelayo:

- i. Ukuqhubeka
- ii. Izitshalo ezixubile
- iii. Ukushintshanisa izitshalo
- iv. Ukuphathwa kwezinhlobonhlobo izinto eziphilayo
- v. Umanyolo oluhlaza/ izitshalo ezimbozayo.

- Ukuphathwa kwembewu/izithombo:

Imigomo yokuvuna kanye nokuphathwa ngendlela kwezimbewu kuhlangele nokuxhumana kwabalimi ukuze bashintshisane ngezimbewu iyona imigogodla kanti kumele igqugquzelwe. Uma imbewu noma isithombo sithengiwe esitolo imigomo elandelayo kumele ilandelwe:

- i. Thenga izimbewu kanye nezithombo ezikhuliswe ngokwemvelo endaweni ethembekile.
- ii. Uma kwenzekile ukuthi imbewu nezithombo ezikhuliswe ngokwemvelo zingekho, ungazisebenzisa ezikhuliswe ngamakhemikhali kodwa kumele iqembu le-PGS kumele lisigunyaze lesi senzo (kuzoba igunya lesikhashana)

**Izimbewu noma izithombo ze-GM azivunyelwe okwempela kwezolimo ezingasebenzisi amakhemikhali.**

#### 6. Ukuphathwa kwezizinambuzane nezifo

Kumele kuqondakale ukuthi yonke imigomo eyandulelayo yokukhiqiza, uma ilandelwe kahle, inganciphisa isidingo sokulawula izinambuzane nezifo. Uma

- a. Umhlabathi uvundile, unempilo futhi ulinganisiwe,
- b. Izitshalo zitshalwe ngendlela yokungasebenzisi amakhemikhali:

Uhlelo lokukhiqiza ngokwemvelo lungafaka ukukhiqiza ngezilwanyana ezincane, ngokwamasiko kanye ngokwemishini ukulawula izinambuzane, izifo kanye nokhula, lokhu

kungabandakanyeka ngokulandelayo:

- i. Ukukhetha uhlobo olufanele;
  - ii. Izinhlelo ezifanele zokushintshanisa, ukutshala izitshalo ezixubile ndawonye kanye nokutshala ngobungane;
  - iii. Ukulima ngomshini;
  - iv. Ukuvikela izitha zemvelo zezinambuzane ngokuhlinzeka ngendawo efanele, njengothango, izindawo zokuzalela, kanye nemingcele eyimvelo ekwazi ukugcina izimila zemvelo ukugcina izilwane ezidla izinambuzane;
  - v. Izitha zemvelo kubandakanya ukudedela izilwane kanye nezimuncagazi ezidla ezinye;
  - vi. Ukumboza nokugunda;
  - vii. Idlelo lezilwane;
  - viii. Izilawuli zemishini njengemigibe, izithiyo, ukukhanya kanye nomsindo.
  - ix. Amalungiselelo asepulazini ezitshalo zendawo, izilwane kanye namagciwane.
- c. umthombo wamanzi uhlanzekile,
  - d. nokuthi imvelo yasendaweni iphethwe kahle;

Izitshalo nezilwane ezingaphansi kokuphathwa kungasetshenziswa amakhemikhali zingaba nempilo ngakho-ke ukulawula izinambuzane nezifo kungaba kuncane. Kuyaziwa ukuthi umlimi akanako ukulawula okuphelele kulawa wonke amaphuzu, futhi ukungalinganisi kungaholela ekuqubukeni kwezizambuzane nezifo. Kumele lokhu kulawulwe ngalendlela:

- a. Ukuthuthukiswa kwezinga lomhlabathi, impilo kanye nokuvundisa ngezindlela ezingafaki amakhemikhali.
- b. Ukutshala izitshalo ezixosha izinambuzane kanye nemingcele.
- c. Ukusebenzisa imikhiqizo yemvelo noma okucashunwe epulazini ukulawula noma ukuxosha izinambuzane/izifo kuhambisane neSilinganiso.
- d. Umhlabathi uzikhiqizela izakhimzimba ngokwawo kanye/noma izindlela ezivunyiwe zokulungisa izakhimzimba.
- e. Imikhiqizo evunyelwe ukusetshenziswa kwezolimo ezingasebenzisi amakhemikhali.

**Izibulalizinambuzane nezibulalakhula ezenziwe ngamakhemikhali azikwazi ukusetshenziswa kwezolimo ezingasebenzisi amakhemikhali.**

## 7. Ukufuywa kwezilwane

Ukufuywa kwemfuyo ngokwemvelo kusekelwe ebudlelwaneni obuhle phakathi komhlaba, izitshalo kanye nezilwane, ukuhlonipha izidingo zempilo kanye nezokuziphatha zezilwane kanye nokokupha ukudla okusezingeni elihle futhi okukhaiswe ngokwemvelo ngaphandle kwamakhemikhali.

- a. Izinhlelo zokufuya imfuyo ngaphandle komhlaba azivunyelwe;
- b. Ukuphathwa, imvelo, izinsiza, ukuminyana kwesitoko, kanye inani lomhlambi, kumele buhlinzekele izidingo zokuziphatha kwezilwane, okusho ukuthi:
  - i. Ukuhamba ngokukhululeka okwanele kanye nethuba lokuveza amaphethini okuziphatha okujwayelekile (indawo eyanele yokuma, yokulala phansi, yokunyakaza, yokulala, yokwakha isidleke ngokwemvelo futhi ngokunethezeka)

- ii. Umoya omnandi owanele, amanzi, ukudla kwemfuyo, ukufudumala kamnandi, kanye nokukhanya kwemvelo;
- iii. Ukufinyelela ezindaweni zokuphumula, umpheme kanye nokuvikeleka elangeni, ukukhuluma uma kungenzeka, ukushisa nokubanda, udaka nomoya;
- iv. Ukuhlinzekwa kwezinto ezifanele nezindawo zokuziphatha zokuhlola nokudla;
- v. Ukuhlinzeka kumele kwenzelwe amaqembu athile ezilwane (isib. izinkomo/iziklabhu/izimbuzi: ukulungisa kanye nedlelo; izingulube: izimpande, ukulala ngokwahlukana, umsebenzi/ubulongwe nezindawo zokudla, ukuzala ngokukhululeka ukubeka ngamaqembu; okwezinkukhu: ukwakha izidleke, ukwelula izimpiko/ukubhakuzisa, ukudla, ukugeza uthuli, ukuhlala cababa; nokulungisa;

**Qaphela: izilwane ezinohlelo oludinga ukuthi ziphume zifakwe intambo ukusebenzisa amadlelo, zisengalawulwa kuhambisane nalezi zidingo.**

- c. Ukulawulwa kwezindambuzane nezifo kuyolawulwa ngokwezindlela ezilandelayo, ngokubaluleka kwazo:
  - i. Ukudla okunempilo okunomsoco;
  - ii. Izindlela zokuvimbela (ukuphazamiseka, ukuqedwa kwendawo yokuhlala kanye nokufinyelela ezikhungweni);
  - iii. Izindlela zemishini, zomzimba nezesayensi;
  - iv. Izinto (ngaphandle kwezibulalazinambuzane zamakhemikhali okwenziwa) ezisetshenziswa ezithiyweni;
  - v. Izinto ezibhalwe kuSithasiselo 5 sesiLinganiso se-SAOSO Isihumusho 1.7 Nhlanguvana, 2020.
- d. Uma izilwane zibekwe ndawonye, umlimi uyoqinisekisa ukuthi izinto zemvelo zokulala ezanele ziyahlinzekwa nokuthi izidingo ezithile zokuhlalisa izinhlobo ngazinye ziyathotshelwa.
  - i. Zonke izilwane ziyoba nokufinyelela okungavinjelwe kwansukuzonke emadlelweni noma indawo evulekile enesihlabathi;
  - ii. Okwezikhukhukazi ezizalelayo, kuyohlonishwa ukuphumula kwazo kwamahora ayisishiyagalombili ngosuku ngaphandle kokukhanya kokuzenzela.
- e. Imvelaphi yezilwane kanye nesikhathi sokuguqulwa: Izilwane ezizalwa futhi zikhuliswe ngokwemvelo zikhuliswa emapulazini emvelo. Izinhlelo zokufuywa kwemfuyo kususwa kokujwayelekile kuya kokwemvelo zidinga isikhathi sokuguqulwa:
  - i. Inzalo ingathathwa njengeyemvelo kuphela uma unina ekade ephethwe ngokwemvelo isikhathi sonke sokukhulelwa;
  - ii. Izilwane zenyama kumele zikhuliswe ngokwemvelo zizalwa;
  - iii. Ubisi lungathathwa njengolwemvelo kuphela uma isilwane sobisi kade siphethwe ngokwemvelo isikhathi sonke sokukhulelwa ngaphambi kokuthi siveze ubisi ebeleni;
  - iv. Amaqanda angathathwa njengawemvelo kuphela uma izinkukhu nezinyoni kade ziphethwe ngokwemvelo kusukela zinezinsuku ezi-2 ubudala;
  - v. Imfuyo yokuzalanisa ingalethwa isuka emapulazini asebenzisa

amakhemikhali kube amaphesenti ayi-10 ngonyaka ezilwane ezindala zohlobo olufanayo epulazini. Okufakelwe kokuzalanisa kwesifazane okungekona okwemvelo kumele kube okungakaze kuzale. (kusho ukuthi azikaze zizale phambilini).

- f. Ukucwiywa kwezitho akuvumelekile. Ukuxetshulwa komlomo ezinyonini; ukuthenwa; ukunqunywa kwemisila yamazinyane; ukususwa kwezimpondo; ringing (ngaphandle kwezingulube) kungasetshenziswa kuphela uma ubuhlungu besilwane buncishisiwe futhi izilalisizinhlungu zisetshenzisiwe lapho kufanele khona.
- g. Ukudla: Izilwane zemvelo zithola izidingo zazo zokondleka efolishini nasekudleni kwemvelo okusezingeni elihle.
  - i. Ukudla okungaphezu kwamaphesenti angama-50 kuyophuma kulona ipulazi, amadlelo aseduzane, noma kukhiqizwe ngokubambisana namanye amapulazi emvelo esifundeni;
  - ii. Izilwane ezetshisayo ziyoba nemvume yansukuzonke yomhadlhadliso. Izilwane ezetshisayo kumele zidle emadlelweni isikhathi sonke sokuya emadlelweni;
  - iii. Imfuyo esencane yezilwane ezincelisayo iyohlinzekwa ngobisi oluphuma konina noma ubisi lwemvelo oluqhamuka enhlotsheni yazo futhi iyolunyulwa emva kwesikhathi sobuncane obuyizinyanga ezi-3 amankonyane kanye namankonyane amahhashi; amasonto ayisi-6 izingulube, amasonto ayisi-7 amawundlu namazinyane.
- h. Umuthi wezilwane: zonke izinyathelo ezisebenzayo ziyothathwa ukuqinisekisa ukuphila nenhlalakahle yezilwane ngokusebenzisa izindlela zokuvimbela ukufuywa kwezilwane.
  - i. Uma isilwane sigula noma silimele naphezu kwezinyathelo zokuvimbela, leso silwane siyolashwa ngokushesha futhi ngokwanelisayo, uma kunesidingo ngasodwana futhi edlini efanele. Abalimi bayokhetha imithi nokwelashwa kwemvelo, kubandakanya namakhambi emvelo, Ukwelapha kwaseNdiya, ukutshopa;
  - ii. Ukusetshenziswa kwemithi yezilwane yokwenziwa nama-antibhayothikhi kuyokwenza isilwane silahlekelwe isimo sobumvelo baso. Abakhiqizi ngeke bayigodle imithi enjalo uma ukwenze njalo kuyodala ubuhlungu obungadingeki besilwane;
  - iii. Uma imikhiqizo yezilwane isetshenzisiwe, isikhathi sokuhoxa siyophindwa kabili kunesisemthethweni, noma amahora angama-48 uma isikhathi sokuhoxa singashiwongo;
  - iv. Ukusetshenziswa kokuvimbela kwemithi yezilwane yokwenziwa akuvunyelwe;
  - v. Izinto zokwenziwa ezisetshenziselwa ukugqugquzela ukukhiqiza noma ukucindezela ukukhula ngokwemvelo azivunyelwe;
  - vi. Imigomo ivumelekile kuphela uma isifo saziwa noma kulindeleke ukuba sibe inkinga esifundeni sepulazi futhi nalapho lesi sifo singalawuleki ngamanye amasu noma uma umgomo udingeka ngokusemthethweni.

- i. Ezokuthutha kanye nokuhlaba: Izilwane ezikhuliswe ngokwemvelo zibekwa ngaphansi kwengcindezi encane ngesikhathi sokuthutha nokuhlathwa.
  - i. Ukusetshenziswa kwemikhiqizo kagesi nezinye izinsimbi ezinjalo akuvunyelwe;
  - ii. Izilwane akumele zifakwe imithi yokwenziwa ethulisayo noma ekhuthazayo ngaphambi noma ngesikhathi zihanjiswa;
  - iii. Isilwane ngasinye noma iqoqo lezilwane liyobonakala esinyathelweni ngasinye sokuthutha nokuhlathwa.
  - iv. Uhambo lokuya esilaheni ngeke ludlule amahora ayisishiyagalombili;
  - v. Ukuthintana (ukubuka, umsindo noma iphunga) kwesilwane esiphilayo nezilwane ezifile noma izilwane ezisohlelweni lokubulawa kuyomele kugwenywe;
  - vi. Isilwane ngasinye siyolaliswa ngempumelelo ngaphambi kokuba sophe.

## 8. Ukuvuna nokupakisha

- a. Zonke izinsizakusebenza, izimoto kanye nezitsha ezingabuye zisebenziseke ziyohlanziswa izinsalela ngaphambi kokuthi zisetshenziselwe imikhiqizo ekhiqizwe ngokwemvelo;
- b. Izinto ezisetshenziselwa ukupakisha ngeke zingcolise imikhiqizo nokusetshenziswa kwazo kuyobhekelela ukuthi aziyilimazi imvelo. Kumele kugququzelwe ukusetshenziswa kwezinto zokupakisha ezenziwe kabusha nalezo ezingasebenziseka kabusha futhi ukupakisha kumele kuncishiswe kakhulu.
- c. Izinto zokupakisha, izitsha zokufaka, noma imigqomo equkethe umuthi wokuzenzela wokubulala isikhunta, isivimbelakubola, noma umuthi wokubulala izilokazane azivunyelwe.

## 9. Ukuhlanza, ukubulala amagciwane ukuthuthwa kwendle

- a. Kuzosetshenziswa kuphela izinto zokuhlanza nezokubalala amagciwane ezigunyaziwe kuphela ukusetshenziswa emkhiqizweni wemvelo.
- b. Izinqubo ezihambisana nokuphathwa kokudla okujwayelekile futhi ezihambisana nomthetho kamasipala wendawo kumele zibe khona ukuqinisekisa ukuphepha kokudla.

## 10. Ukulingana emphakathini kanye nobulungiswa

- a. Umkhuba wokuqashwa kumele uhambisane nomthetho Wezabasebenzi waseNingizimu Afrika kanye noMthethosisekelo;
- b. Amalungelo ezingane kufanele ahambisane nengqikithi ye- [Universal Declaration of Human Rights](#) ukuqinisekisa ukuthi amalungelo abo okuba sebunganeni obujabulisayo, obuphephile futhi obunomvuzo ayahlonishwa.

## 11. Imibhalo namarekhodi

Umlimi ngamunye noma ihhovisi le-PGS kumele abe neqoqo lamarekhodi afinyelelekayo futhi afanele kubandakanya okulandelayo:

- a. Ibalazwe futhi/noma imidwebo yepulazi, izindawo zokukhiqiza futhi noma zokuvuna;
- b. Amarekhodi akho konke okuthengiwe/iminikelo efakwe ohlelweni lwepulazi;
- c. Ukutshala, ukuvuna kanye namarekhodi okuthengisa.

Lawa marekhodi kumele abe khona ngesikhathi sokuhlolwa okuyinqubo. Lawa marekhodi angaba noma yisiphi isimo esifanele ubukhulu namandla okuphatha omlimi/iqembu, inqobo nje uma ezoqondwa abahloli, futhi anikeze ubufakazi obucacile bokuthenga, ukukhiqiza kanye nobuqotho bokuthenga. I-PGS iyozwela futhi yesekele abalimi abasafufusa abangaba nobunzima bokugcina lawa marekhodi.

## Isiphetho

Kumele kuqondwe ukuthi le migomo yokukhiqiza iyiqoqo elisekelwe ku-SAOSO Isihumusho esijwayelekile 1.7 Nhlanguvana, 2020 sokuKhiqiza kwemvelo nokucutshungulwa nokuthi okwenziwayo nokufakwayo kumele kuhlolwe ngokwesiLinganiso. Leli qoqo lemigomo lishicilelwe njengencwadi eyenziwe yalula futhi okufinyelelekayo kuyo, empeleni ukuhumusha lesi silinganiso kuya esimeni esifanele sabambiqhaza be-PSG. Ukungathobeli kanye nezinqumo zokwamukelwa ziyosekelwa esiLinganisweni.

**Bhekisa ku- SAOSO Organic Standard ukuze uthole ukuqondiswa kokuhlukile okubonakalyo futhi okuvumelekile.**

Ukukhiqizwa kwale ncwadi kukhokhelwe iNhlanguvana Yomkhakha Wezemvelo yaseNingizimu Afrika kanye neSikhungo soLwazi lwezoLimo zeMvelo eNingizimu Afrika (KHSA) njengengxenye ephrojekthi yomhlaba yesiKhungo soLwazi lwezoLimo zeMvelo e-Afrika (KCOA), yenziwe i-Deutsche Gesellschaft für Internationale Zusammenarbeit (GIZ) GmbH egameni leNhlanguvana Yamazwe yaseJalimane yokubambisana kwezoMnotho neNtuthuko (BMZ).

Ukufinyelela nokuqonda inqubomgomo yemvume yokushicilela incwadi njengango mhla zi-5 Mfumfu 2022, sebenzisa ikhodi ye-QR engezansi:

